Ilanga le Theku
NGOLWESINE DECEMBER 6, 2007 PHONE: (031) 337 4000 FAX (031) 337 9785

# Izindlovukazi zisiza izingane ezintulayo

NGISHO ingaya phesheya kwezilwandle intokazi ehamba phambili kuma-movie, uCharlize Theron, kodwa ayikakhohlwa yilapho iphuma khona. Le-award-winning Actress ifeze amaphupho ezingane eziningi ezifunda kulezo zikole ezintulayo ngokusungula iCharlize Theron Africa Outreach Project.

Ngokubambisana ne-Oprah's Angel Network bavule iMobile Health and Computer Unit eseNhliziyo High School ngaphansi koMkhanyakude District. Le unit yakhelwe ukwenza ngcono ezempilo kanye nokuthuthukiswa komphakathi.

Zibalelwa ku-3000 izingane ezizohlomula ngalama-mobile unit abizwa ngomahamba nendlwane. Le unit izosiza abafundi nge-counselling, ukuhlolelwa igciwane lengculazi kanye nokunikezela ngezifundo zama-computer. UCharlize uthi kwakuvele kuyisifiso sakhe ukuthi asize umphakathi ikakhulukazi abantu abasha.

"Ngiyaziqhenya ngokubambisana nabantu abanjengo-Oprah ne-Angel Network yakhe ukuze kuphumelele iproject enjenga lena. Inhloso yethu enkulu wukuhlanganisa umphakathi ukuze uthuthuke, uphephe uphinde ube nempilo engcono lapha eSouth Africa", kubeka uCharlize osungule iCharlize Theron Africa Outreach ngokubambisana ne-Entertainment Industry Foundation ngo-2006. Le ntokazi engu Charlize edabuka eBenoni eGoli, ike yadlala indawo ye-serial killer efilimini i-Monster okuyimovie abedlala phambili kuyo kanti maningi namanye ama-movie adlale kuwo.

Uhlala nomama wakhe eLos Angeles kanti uthi umama wakhe uyikho konke kuye njengoba naye engakabi nomntwana.

Izinsizwa zingakuthokozela ukuzwa ukuthi le ntokazi ayikakathathwa nakuba inaso isinqandamathe sayo seminyaka, uStuart Townsend, naye oyiactor. Lo kaTheron uyazifela ngezilwane.

sboc@ilanganews.co.za



UCharlize Theron esina noBheki Nyawo waseMpilonhle ngesikhathi abeMpilonhle behambele eNkosana High School.